# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto elithiwa Judika, ngomhla ka 25. 03. 2012

18/2012

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 280/186

2. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu siyabonga ukuba usiphe leli thuba lokuba sihlangane lapha sidumise wena Baba othandekayo. Sicela ukuba siholwe nguwe Nkulunkulu ophilayo enkonzweni yanamuhla. Sivikele emandleni kaSathane nakukho konke okubi okufuna ukusehlukanisa nawe. Baba wethu onomusa, siyakunxusa ukuba uqinise ukukholwa kwethu osiphe khona ukuze sibambelele kuwe kuze kufike umzuzu wokumuka kwethu kulo mhlaba. Sikhulekela abashumayela iZwi lakho emazweni wonke. Siphe nathi amandla okuba umsebenzi wakho wokushumayela iVangeli siwenze ngentshisekelo nangokwethembeka zikhathi zonke. Ngomusa wakho Nkosi, sibeka kuwe abagulayo ngezindlela ezehlukene ukuba ube nabo, nathi usivikele ezifweni ezibhubhisayo. Izizwe zonke mazazi Nkosi ukuthi wena unguNkulunkulu ophilayo. Sicela konke lokhu egameni leNkosi yethu uJesu Khristu. Ameni. .

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kumaHeberu 5:7-9;
   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMarku 10:35-45.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 190/174

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Izwi lentshumayelo** ngohlelo lwesine lilotshiwe

kuNumeri 21:4-9, lithi: "Basuka entabeni yaseHori ngendlela yoLwandle oluBomvu ukuba bazungeze izwe lakwaEdomi; inhliziyo yabantu yaphela amandla ngenxa yendlela. Abantu bakhuluma kabi ngoNkulunkulu nangoMose, bathi: Nisikhuphuleleni eGibithe ukuba sifele ehlane na? Ngokuba akukho-sinkwa, akukho-manzi; umphefumulo wethu uyanengwa yilesisinkwa esilulana. UJehova wathuma izinyoka ezinesihlungu phakathi kwabantu, zabaluma abantu; abantu abaningi bakwaIsrayeli bafa. Abantu bafika kuMose, bathi: Sonile, ngokuba sikhulume kabi ngoJehova nangawe; khuleka kuJehova ukuba asuse izinyoka kithi. UMose wabakhulekela abantu. UJehova wathi kuMose: Zenzele inyoka enesihlungu, uyibeke ensikeni; kuyekuthi yilowo nalowo olunywayo, lapho eyibheka, uyakusinda. UMose wenza inyoka yethusi, wayibeka ensikeni; kwathi lapho inyoka imlumile umuntu, uma ebeyibheka inyoka yethusi, wasinda." Amen.

**8. Intshumayelo:** Izwi lanamuhla likhuluma ngohambo lwabantwana bakwa-Israyeli belibebhekise eKhanana. Impilo yabo yayinzima ezweni laseGibhithe yingakho uNkulunkulu elula isandla sakhe esinamandla wabakhulula ezweni lezigqila. Ngisho noma u-Israyeli esebhekise amabombo ezweni lesethembiso akuzange kube lula njengoba izwi lisho ukuthi “inhliziyo yabantu baphela amandla ngenxa yendlela.” Laba bantu abathandabuzi ukuthi basole uMose noNkulunkulu ngalokhu kukhathala kwabo. Phela uMose ungumholi othunywe nguNkulunkulu ukuba abakhiphe eGibhithe (Eks 3). Akusekhona nje ukukhathala kuphela okuyimbangela yokukhononda kwabantu kepha bayabuza maqondana nenhloso yokukhushulwa kwabo eGibhithe. Abantu bacabanga ukuthi uMose noNkulunkulu bafuna ukuba abantu bafele ehlane. Asikho isinkwa kanjalo namanzi awekho, sebediniwe yilesi sinkwa abathi silulana. Sikhona isinkwa kodwa laba bantu abasaboni kuyisinkwa uma besiqhathanisa nesinkwa abasejwayele. Imana uNkulunkulu abapha yona bayibukela phansi,

bayibona iyisinkwa esingathi shu – esingenamsebenzi walutho. Yebo, okwenzeka ehlane kubenza abantu bakhumbule iGibhithe kunalolu sizi abazibona bebhekene nalo.

UNkulunkulu uyabajezisa laba bantu ngokuthi athumele izinyoka zibalume. Bazindonsele bona amanzi ngomsele ngokuthi bakhonondo kunokuba babonge uNkulunkulu ngalokho abenzele khona. Manje sebebhuqwabhuqwa yizinyoka. Nokho-ke uma abantwana bakwa-Israyeli bebona ukuthi bayafa, baya kuMose bavuma isono sabo sokukhuluma kabi ngoNkulunkulu nangaye uMose inceku yakhe. Lokhu kujeziswa kwabo kubaholela ekutheni baphenduke esonweni sokugxibha abaholi. Bacela uMose ukuba akhuleke kuNkulunkulu ukuze kusuke izinyoka. Lapha uMose ubambe iqhaza lokuba ngumkhulumeli wabantu kuNkulunkulu. Abantwana bakwa-Israyeli baqonda kahle kamhlophe ukuthi ngukuphenduka nomkhuleko kuphela okuzobakhipha kulolu taku abazifake kulo.
UNkulunkulu uyawuphendula umkhuleko kaMose ngokuthi athi makenze inyoka enehlungu ayibeke ensikeni ukuze kuthi lapho umuntu olunywe yinyoka eyibuka asinde. UMose wayenza inyoka ngethusi wayiphanyeka ensikeni. Le nyoka inesihlungu kodwa ngenxa yomusa kaNkulunkulu yayingenabo ubuthi kunalokho abantu babeyibheka bese besinda. Kuthathu esingakuphawula ngale nyoka: yenziwe ngethusi, yabekwa ensikeni futhi iwuphawu lwensindiso kulabo abayibhekayo. Kwakungesiyona inyoka yethusi eyayisindisa abantu kodwa kwakunguNkulunkulu uqobo lwakhe.1 Kufanele siqaphele lapha ukuthi uNkulunkulu ujezisa isono ngesono kodwa akwenzeki elaphe isono ngesono. Lapha akusebenzi ukuthi iva likhishwa ngeva. Abantwana bakwa-Israyeli bakholwa ngukuthi uma bebheka inyoka yethusi impela bazosinda.

Yebo, masifunde ukuthi singakhulumi kabi ngoNkulunkulu ngokuba lokho kuholela ekujezisweni. IGama likaNkulunku malingaphathwa ngeze noma ngayiphi indlela njengoba sibona lapha ukuthi banaso isinkwa kodwa bathi silulana. UBaba wethu akasoze aba nenhloso embi ngathi, usihola ngobuqotho futhi usenzela okuhle. Noma ngabe sihlangabezana nesimo esinjani, kumbe sizibone sisehlane kodwa kufanele samukele ngokubonga lokho uNkulunkulu asipha khona. Inhliziyo engeneliseki ehlala ifisa njalo iholela “emathuneni ezifiso” njengalawo abantwana bakwa-Israyeli abafa ehlane ngenxa yokufisa okwabaholela ekukhulumeni kabi ngoNkulunkulu noMose. UBaba wethu osezulwini akasoze axhaphaza abantu bakhe abaphe okungabafanele noma abaphe ngokubagodlela okuthile. Usipha kuvame ngesandla esivulekileyo ekwenza lokho ngesihle nangobuholi obuqotho.

Masifunde ukweneliseka ngalokho uNkulunkulu asipha khona, singakhonondi ngendlela engafanele. NguNkulunkulu owazi izidingo zethu futhi ukuphila kwethu kusentendeni yesandla sakhe. Kuyisifo sethu thina bantu ukuthi sibambelele ebugqileni uNkulunkulu asikhiphe kubo. UBaba wethu osezulwini usenzele umusa omkhulu ngokuthi anikele ngeNdodana yakhe ezelwe iyodwa. Yaphanyekwa emthini ukuze kuthi yilowo nalowo okholwa yiyo abe nokuphila okuphakade. Izwi lanamuhla lisifundisa ukuthi sibheke esiphambanweni sikholwe nguJesu Khristu owalenga emthini ngenxa yezono zethu, wafa, wehlela endaweni yabafileyo, wavuka ngosuku lwesithathu ekwenzela thina konke lokhu ukuze sizuze ukuphila okuphakade ngokukholwa nguye. Ngamandla kaNkulunkulu siyasindiswa ngesihle esihlungwini esibulalayo senyoka endala enguSathane ngenxa kaKhristu uJesu iNkosi yethu. UNkulunkulu uthethelela izono zethu asisindise ngomusa wakhe ngayo iNdodana yakhe

uJesu Khristu owafa engenasono ukuze thina zoni sisindiswe. Singahamba ehlane, siwele imifula nemifudlana ngokukholwa wukuthi uNkulunkulu uzosipha esikudingayo noma ngabe sikusiphi isimo kumbe izinga lempilo. Masibheke kuJesu Khristu ngokukholwa kuye kuphela ukuze sisindiswe. UNkulunkulu uyathethelela izono zethu lapho siphenduka futhi ezwe umkhuleko wethu awuphendule ngokufaneleyo ngomusa asenzela wona ngoKhristu. UJesu nguyena ongumkhulumeli noMmeli wethu. Nkosi Nkulunkulu sifundise ukwethembela kuwe ngazo zonke izikhathi ngisho sisehlane imbala.

9. **Umkhuleko:** Baba yiba nathi nakulesi sikhathi esiphila kuso ngomusa wakho usivikele kokubi nasemandleni kaSathane. Ameni.

10. Iculo 217/151

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2011 ngu-.S. E. Sithole

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.

---

Yingakho-ke uHezekiya wayisusa inyoka ngoba abantu base beyishisela impepho: 2 AmaKho 18:4.